ISIFUNDO SABANTU
ABADALA SESIKOLE
SESABATHA

1 UBUNCEKU
IZINHLOSO ZENHLIZIYO

2 SOKUGCINA
UKULUNGISELELA ISIKHATHI

Seventh-day Adventist® Church

Okuqukethwe

1	Ithonya lokuthanda okwasezweni – Zibandlela 30 – Masingana 5	6
2	Ngiyabona. Ngiyafuna. Ngiyathatha – Masingana 6 – 12	14
3	UNkulunkulu noma uMamona? – Masingana 13 – 19	22
4	Ukugwema Izindlela Zezwe – Masingana 20 – 26	30
5	Izinceku Ngemuva Kwe Edeni – Masingana 27 – Nhlolanja 2	38
6	Izimpawu Zenceku – Nhlolanja 3 – 9	46
7	Ukwethembeka kuNkulunkulu – Nhlolanja 10 – 16	56
8	Umthelela Wokubuyisa Okweshumi – Nhlolanja 17 – 23	64
9	Iminikelo Yokubonga – Nhlolanja 24 – Ndasa 2	72
10	Indima Yobunceku – Ndasa 3 – 0	80
11	Izikweleti – Isinqumo Semihla Ngemihla – Ndasa 10 – 16	88
12	Injwayelo Yenceku – Ndasa 17 – 23	96
13	Imiphumela Yobunceku – Ndasa 24 – 30	104

Ihhovisi Labahleli:
12501 Old Columbia Pike
Silver Spring, MD 20904

Sivakashele ku Web Site yethu:
http://www.absg.adventist.org

Umbhali Obe Negalelo Elikhulu:
Ngu John H. H. Mathews

Umhleli:
Clifford R. Goldstein

Uzakwabo:
Soraya Homayouni

Umphathi Wezokushicilela
Lea Alexander Greve

Umsizi Womhleli
Sharon Thomas-Crews

Umxhumanisi Wase Pacific Press®
Wendy Marcum

Imidwebo:
Lars Justinen

© 2018 General Conference of Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Ayikho ingxenye yesifundo Sesikole seSabatha (Esejwayelekile) engaguqulwa, ilungiswe, ikopishwe, noma ihunyushwe, yinoma ubani ngaphandle kokuthola imvume ebhaliwe kwi General Conference yama Seventh-day Adventists. Amahhovisi eGeneral Conference yama Seventh-day Adventist® agunyazisiwe ukwenza amalungiselelo okuhunyushwa kwesifundo Sesikole seSabatha ngaphansi kwemibandela ethile. Ubunikazi bamalungelo alezo zihumusho nezincwadi ezishicilelwe kuyohlala njalo kungokwe General Conference. Igama elithi "Seventh-day Adventist," "Adventist," kanye nophawu lwelangabi, yizimpawu zokuhweba ezibhaliswe ngokomthetho egameni leGeneral conference yama Seventh-day Adventists® kanti akuvunyelwe ukusetshenziswa kwazo ngaphandle kwemvume yeGeneral Conference.

Isifundo sabadala sesikole seSabatha sihlelwe yihhovisi le Adult Bible Study Guide lase General Conference yama Seventh-day Adventists. Ukuhlelwa kwezifundo kwenzeka phansi kweso elibukhali le Sabbath School Publications Board, okuyisigungu esincane seGeneral Conference Administrative Committee (ADCOM), okuyiyona esabalalisa izifundo. Isifundo esisatshalalisiwe siwumphumela wekomiti elicwaningayo nokwamukelwa yiSabbath School Publications Board, ngaleyo ndlela ke isifundo asiwona umbono wababhali kuphela.

Impilo Yenceku EngumKrestu

NjengamaKrestu, sidinga ukuzibona ukuthi siyizoni ngaphambi kokubona isidingo soshintsho. Lolo shintsho lungeza kuphela ngendlela ephelele ngoKrestu esebenza kithina. Futhi enye indlela yokuzibonakalisa kwaKhe kithina eyobunceku. Nakuba ubunceku buhlanganisa imikhakha eminingi eyehlukene yempilo yomKrestu, sizobuchaza manje ngokubanzi, njengokuphatha kahle impahla ephathekayo nengaphathekiyo, ukwenzela udumo lukaNkulunkulu.

Njengokufundiswa yiBhayibheli, ubunceku phakathi kokunye, buba yisikhali esinamandla ekulweni nezingozi zokuthanda okwasezweni (ukuthanda ukuba umnikazi wezinto), noma ubuzwe ngokubanzi—esinye sezithiyo ezinkulu enkolweni isitha semiphefumulo esisicupha ngaso. Abantu abaningi bayahluleka ukubona ukuthi umcebo nezinto kuyizinto eziyize, njengesinongo sokwenziwa esifika lapho siphelelwa khona ukunandisa kwaso. Ngeshwa, imiphefumulo eminingi iyolahleka ngenxa yokwehluleka ukugqashula ekuthandeni izwe. Izindlela zezwe—"inkanuko yenyama, nenkanuko yamehlo, nokuzigabisa ngalokhu kuphila" (1 Johane 2:16)—konke kungalawuleka kuze kugwemeke, ngokusebenzisa imithetho yobunceku ebonakaliswa ngempilo yethu.

Kungakho-nje ngalekota sizobukisisa ubunceku nalokho obungasifundisa kona maqondana nokuphila njengoba uNkulunkulu efuna siphile, okuhlanganisa nokukhululwa ekuthandeni izwe ngazo zonke izindlela elizibonakalisa ngayo. Ubunceku yindlela yansuku zonke esebenzayo yokutshengisa ukuthi kusho ukuthini ukulandela uJesu; ukutshengisa uthando lwethu kuNkulunkulu, yindlela yokuphila iqiniso esilinikwe uKrestu. Siyizinceku ngoba

uNkulunkulu wasithanda kuqala.

Ngakhoke ukuphila kwethu ngendlela yobunceku kuhlanganisa isimo somqondo wethu, izinkulumo zethu, ukuzibophezela kwethu, ukuzithiba, nokunye okuningi. Sidinga ukuba yizisebenzi zikaNkulunkulu ezikholekile nezithembekayo, siphile impilo yokungazicabangeli ngokuthi sixhumane noJesu kuyo yonke into esiyenzayo nesiyishoyo. Sithola esikoleni sikaKrestu ukuthi umphumela wobunceku ukwaneliseka ngokuphila kokulunga. Sidinga ukufunda ukuphatha impahla kaNkulunkulu ngenxa yodumo lwaKhe, sesekele umsebenzi waKhe ngezimali ukuze uqedwe.

Izinceku zikaNkulunkulu okwamanje "zibuka esibukweni, kalufifi" (1 Korinte 13:12), kodwa uJesu ubona ngokucacile. Usiphathise ukuze senze umsebenzi waKhe. Ngisho nasenkungwini yokuheha kwezwe, sisenokuziphendulela ngokuphatha kahle amathalente ethu, izimali zethu, impilo yethu, kanye nendawo esizungezile. Lezizifundo zihlelelwe ukusifundisa ukuthi uyini umsebenzi wethu njengezinceku, nokuthi, ngomusa kaNkulunkulu, singakufeza kanjani lokho, hhayi ngenhloso yokuzuza usindiso, kodwa njengesithelo sokusindiswa.

Impilo yethu njengezinceku ezingamaKrestu iyisithombe sesimilo sikaNkulunkulu ebantwini. Kukhona ubuhle, intokozo kanye nokuhlolwa ezimpilweni zalabo abanesibindi sokumela izimiso zeBhayibheli, kakhulukazi ukumelana nomkhuba walemihla. Wonke umuntu uyalingeka ukuthi aphile impilo engenaNkulunkulu; izilingo zisizungezile, zisobala, kanti ezinye ziyisinyenyela. NjengamaKrestu, kakhulukazi izinceku zamaKrestu, asigcinanga ngokutshengiswa indlela yokugwema lezizilingo, kodwa siwethenjisiwe amandla okwenza lokho.

Ekugcineni, siyokuzwa okukodwa kokubili okuyoshiwo kithina: "Angizange nganazi; mukani Kimi, nina benzi bobubi!" (Mathewu 7:23, NKJV), noma " 'Wenze kahle, nceku enhle nethembekile! Uthembekile ezintweni ezincane, Ngiyokubeka phezu kokuningi. Ngena enjabulweni yeNkosi yakho!' " (Mathewu 25:23, NIV).

Kuyithemba lethu nomthandazo ukuthi lokho okufundiswayo ngobunceku kulesifundo salekota kuzosisiza kusigcine endleleni ezokwenza sizwe amazwi athi: " 'Ngena ekujabuleni kweNkosi yakho'. "

UJohn H. H. Mathews, D.Min., wase Andrews University ungumfundisi ogcotshiwe oseke wasebenza eFlorida, Alabama, Iowa, Missouri, Tennessee, naseNebraska. Namhlanje ungumholi we North American Division Stewardship Ministries.